  - a. Yalela abafundi abaphethe 'induku / itshe lokukhuluma' baqale.
  - b. Hamba phakathi kwabo ubasize lapho kunesidingo.
  - c. Emizuzwini yokugcina, biza iqembu lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
4. **Ukulungiselela abafundi**
  - a. Khetha abafundi aba-3-4 ukuba benze Izethulo Zomlomo ngoMsombuluko.
  - b. Tshela laba bafundi yini abazoyilungiselela yangoMsombuluko. (Bheka uhlelo lwezifundo ze-LK zangoMsombuluko)



## Imisindo: Shintshashintsha imisindo esemagameni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Khombisa indlela yokushintsha imisindo kuleli gama elilandelayo: bila**
  - a. Bhala igama ebhodini.
  - b. Khombisa abafundi ukuthi kwenzekani uma ukhipha umsindo /i/. Usala no: b\_la
  - c. Khombisa abafundi ukuthi kwenzekani uma wengeza umsindo /a/. Wenza igama elisha: bala
2. Biza abafundi abahlukene bazodlala ngamagama: leli, bala, balela
3. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesihlanu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 31.
  - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
  - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangemuva



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
Ikhasi 81

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwangemuva.**
  - a. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Ubhithrudi omkhulu kakhulu*
  - b. Chaza ngomsebenzi. Ithi: Namhlanje sizolingisa indaba ngamaqembu.
2. **Bonisa umsebenzi kanje:**
  - a. Ithi: Uma silingisa indaba, kumele sizame lokhu:
    - Khumbula ukuthi umlingiswa wenzani futhi uthini
    - Khuluma futhi wenze njengomlingiswa wethu
    - Sebenzisa amanye amazwi afanayo nalawo omlingiswa wethu
  - b. Khombisa abafundi kafushane ukuthi ungamlingisa kanjani omunye wabalingiswa.
  - c. Gwema ukukhetha umlingiswangqangi ngesibonelo sakho.
3. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
  - a. Bala ukuthi bangaki abalingiswa endabeni.
  - b. Hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu analelo nani. Isibonelo, uma kukhona abalingiswa aba-5 endabeni, hlukanisa ikilasi libe ngamaqembu ama-5.
  - c. Nika umfundi ngamunye eqenjini umlingiswa oyedwa.
  - d. Phumela nekilasi ngaphandle noma endaweni enkulu avulekile.
  - e. Tshela amaqembu alingise indaba. Kufanele:
    - Bakhumbule ukuthi umlingiswa amlingisayo wenzani futhi uthini
    - Bakhulume futhi benze njengomlingiswa amlingisayo
    - Basebenzise amanye amazwi afanayo nalawo omlingiswa
  - f. Ngesikhathi abafundi belingisa indaba, hamba phakathi kwabo ubasize lapho kudingeka.
4. **Vumela abafundi babelane ngomsebenzi wabo.**
  - a. Nikeza abafundi imizuzwana bakhombise abalingani umsebenzi wabo.
  - b. Biza omunye umfundi azokwabelana nekilasi ngomsebenzi wakhe.



## Ukubhala: Klama uhlele



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-20



IZINSIZA:  
Uhlaka  
lokubhala:  
Indaba yami  
evelele yi...

1. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi obhalwayo.**
  - a. Ithi: Namuhla sizoqedela usebenzi wethu obhalwayo.
2. **Yethula ukwehlukaniiswa.**
  - a. Hamba phakathi kwabafundi usize abanezinselelo.
  - b. Nikeza abafundi abasebephambili umsebenzi othe xaxa: Yengeza ilebuli emdwetsheni wakho.
3. **Tshela abafundi bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.**
  - a. Ithi: Manje sekuyisikhathi sokufunda nihlele umsebenzi wenu obhaliwe.
  - b. Ithi: Khumbulani ukuhlola ukuthi: Uhlamvu lokuqala lomusho lungusohlamvukazi.
4. **Uma isikhathi sikuvumela, cela abafundi babelane ngomsebenzi wabo obhaliwe.**
  - a. Abafundi bangabelana nabalingani ngomsebenzi wabo obhaliwe.
  - b. Abafundi abayingcosana bangabelana nekilasi ngomsebenzi wabo.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 31.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Isethulo Somlomo



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Akudingeki  
zinsiza

1. **Hlalisa abafundi ukuze babuke ozakwabo bethula izethulo zabo zomlomo.**
2. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi olandelayo: Uxoxa indaba yakho**
  - a. Sitshele ukuthi indaba yakho imayelana nani. Ithi:
    - Namuhla ngizonitshela mayelana...
    - Bese, uxoxa indaba yakho.
    - Sitshele okwenzekile ngokulandelana kwakho.
    - Sitshele amaphuzu abalulekile ngendaba yakho.
    - Phetha ngokusitshela ukuthi indaba yakho yakwenza wazizwa kanjani.
3. **Khumbuza abafundi ngala makhono ezethulo ngomlomo:**
  - a. Ngesikhathi uxoxa indaba yakho, khumbula lokhu:
    - Sitshele ukuthi indaba yakho imayelana nani
    - Sitshele ukuthi kwenzeke nini
    - Sitshele ukuthi kwenzeke kubani
    - Yisho imisho yakho ngokulandelana kwayo
    - Yisho into kube kanye – ungaziphindi
    - Khulumela phezulu, ngezwi elicacile
4. **Biza abafundi abaqokiwe ngamunye ngesikhathi bazokwethula umsebenzi wabo.**
  - a. Yakha ukuzethemba komfundi ngamunye ngokuthi ubonge indlela ethule ngayo umsebenzi wakhe bese ubanika umbono owakhayo.
  - b. Ekugcineni kwesifundo, nikeza abafundi umbono ojwayelekile ngezethulo zabo ukuze benze kangcono ngokulandelayo. Isibonelo: Ngibe nobunzima bokuzwa abanye benu. Ngicela nizame ukuphakamisa amaphimbo – sifuna ukuzwa lokho enikushoyo.





## Imisindo: Buyekeza yonke imisindo efundwe kuThemu 1



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
IThemu 1  
Amakhadi  
Emisindo

Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Hlalisa abafundi kukhaphethi noma phansi phambi kwakho.**
  - a. Tshela abafundi ukuthi balalele amagama abo.
  - b. Uma ubiza igama lomfundi, kumele afunde umsindo osekhadini oliphakamisayo.
  - c. Isho igama lomunye umfundi. Lo mfundi kumele asho igama eliqala noma elisebenzisa umsindo.
  - d. Yenza lokhu ngokushesha. Kwenze kube samdlalo omnandi kodwa uqaphele abafundi abazabalazayo.
  - e. Uma umfundi enza iphutha, ithi 'lalela kahle' bese usho umsindo.
2. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoMsombuluko Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 32.
  - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
  - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukubhala ngesandla: Buyekeza zonke izinhlamvu ezifundwe ngeThemu 1



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
  - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokunyakazisa izandla zethu.
  - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa ukwakheka kwazo zonke izinhlamvu ezincane ezifundiswe kuThemu 1.**
  - a. Bhala uhlamvu oluncane ngalunye ebhodini.
  - b. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala kanye nendawo yokuphela yohlamvu ngalunye.
  - c. Tshela abafundi ukuthi babhale umugqa wohlamvu ngalunye ezincwadini zabo zokubhalela, beshiya isikhala esilingana nomunwe phakathi kwezinhlamvu.
  - d. Tshela abafundi baqinisekise ukuthi bangakwazi ukwakha uhlamvu ngalunye ngokufanele.
3. **Hlola indlela abafundi abakha ngayo uhlamvu oluncane.**
  - a. Njengoba abafundi bebhala, hamba uzungeze ubheke indlela abakha ngayo uhlamvu.
  - b. Beseke lapho kudingeka khona.
  - c. Qaphela abafundi abasazabalaza ukwakha izinhlamvu ngokufanele.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yethula indaba



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
Ikhasi  
lesingeniso  
93

### 1. Yethula indaba.

- Ithi: Kuleli sonto sizofunda indaba esihloko sithi, *Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme*
- Ithi: *Amalama yizilwane zaseNingizimu yaseMelika. Abantu bagcina amalama ngenxa yobisi noboya bawo. Le ndaba iyinganekwane endala ngamalama ayehlala ezintabeni zase-Andes emandulo, nokuthi abasiza kanjani abantu ababehlala eduze nawo.*
- Ithi: Kukhona okwaziyo ngalokhu?
- Khombisa abafundi izithombe zendaba kafushane.

### 2. Yakha ulwazi lwangaphambilini lwabafundi.

- Yabelana futhi uchaze ngemininingwane yangaphambilini olunikezwe ngendaba.
- Khombisa abafundi ukuthi indaba yenzekaphi usebenzisa imephu Yeqoqo Lezindaba.
- Buza: Ninayo imibuzo ngale ndaba?

### 3. Chaza isu lokuqondisisa.

- Ithi: Kuleli sonto sizofunda: Qapha ukuqonda
- Chazela abafundi ngalokhu kuqondisisa.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 1&2



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 32.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 1 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 1 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 2.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Fundisa ulwazimagama



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Amakhadi  
olwazi-  
magama,  
izithombe,  
izinto

Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Khumbuza abafundi ngendikimba.**
  - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 24.
  - b. Phinda ufunde noma usho ukunothiswa kolimi.
  - c. Khombisa abafundi uhlu lwamagama olukulwazimagama lwendikimba.
  - d. Chaza ukuthi la magama azosisiza ukuqonda nokukhuluma ngendikimba.
  - e. Bafundele uhlu lwamagama.
2. **Sebenzisa iKLTY ukufundisa ngolwazimagama.**
  - a. Fundisa amagama alandelayo kulwazimagama:
    - *ilama: Isilwane esivela eNingizimu yaseMelika esisetshenziswa abantu ukuthwala izinto nangoboya baso obuthambile.*
    - *iNingizimu yaseMelika: Izwekazi elikhulu kakhulu ngaphesheya kolwandle ukusuka e-Afrika elinamazwe amaningi, amahlathi amakhulu emvula, nezintaba eziphakeme.*
    - *phezulu / phakeme: Phezulu kakhulu emhlabeni.*
3. **Sebenzisa amasu eKLTY ahambisana negama ngalinye:**

K: Khomba isithombe noma into yangempela  
 L: Lingisa igama  
 T: Tshela abafundi incazelo yegama  
 Y: Yisho leli gama emshweni



## Imisindo: Hlela amagama ngezigaba zemisindo



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Bhala imisindo yokuqala noma yokugcina yamagama kwikholomu ebhodini kanje:**

| -ala | -ela | da- | ba- |
|------|------|-----|-----|
|      |      |     |     |

- a. Fundela abafundi 'imisindo ehlobene' ngayinye.
- b. Cela umfundi ngamunye acabange igama elinomsindo ohlobene.
- c. Njengoba umfundi esho igama, mcele asho ukuthi lelo gama liyingxeny yomndeni wemisindo muni bese ebhala lelo gama kwikholomu kanje:

| -ala | -ela     | da-  | ba-  |
|------|----------|------|------|
| dala | lalela   | dada | baba |
| lala | balela   | deda | babi |
| bala | balalela |      |      |

- d. Uma umfundi enza iphutha, lilungise.

2. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesibili Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**

- a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 33.
- b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
- c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukubhala ngesandla: Buyekeza zonke izinhlamvu ezifundwe ngeThemu 1



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
  - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu siyidlalise ngokuyivala siyivule.
  - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa ukwakheka kwabo bonke osonhlamvukazi abafundiswe kuThemu 1.**
  - a. Bhala usonhlamvukazi ngamunye ebhodini.
  - b. Njengoba ubhala, chaza indawo yokuqala, indlela yokubhala kanye nendawo yokuphela yohlamvu ngalunye.
  - c. Tshela abafundi ukuthi babhale umugqa wohlamvu ngalunye ezincwadini zabo zokubhalela, beshiya isikhala esilingana nomunwe phakathi kwezinhlamvu.
  - d. Tshela abafundi baqinisekise ukuthi bangakwazi ukwakha uhlamvu ngalunye ngokufanele.
3. **Hlola indlela abafundi abakha ngayo usonhlamvukazi.**
  - a. Njengoba abafundi bebhala, hamba uzungeze ubheke indlela abakha ngayo uhlamvu.
  - b. Beseke lapho kudingeka khona.
  - c. Qaphela abafundi abasazabalaza ukwakha izinhlamvu ngokufanele.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangaphambili



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
ikhasi 95

1. **Hlela abafundi balungele Ukufunda Kwangaphambili.**
  - a. Biza abafundi bazohlala kukhaphethi noma phansi.
  - b. Hlala phambi kwabafundi neQoqo Lezindaba.
  - c. Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi.
  - d. Khumbuza abafundi ngendlela yokuziphatha elindelekile ngesikhathi sokuFunda ngoKwabelana, isib. Hlala ngemilenze ephindiwe; beka izandla emathangeni; lalelisisa; phendula uma ubizwa; phakamisa isandla uma ufuna ukubuza umbuzo.
2. **Yenza Ukufunda Kwangaphambili kanje:**
  - a. Isho isihloko sendaba: *Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme*
  - b. Chaza ngekhono lokubikezela. Ithi: Uma sibikezela, sisebenzisa isihloko nezithombe ukuqagela ukuthi indaba ingani.
  - c. Khombisa abafundi izithombe ekhasini ngalinye.
  - d. Buza: Nicabanga kwenzakalani lapha?
  - e. Buza: Nicabanga lezi zithombe zixhumana kanjani?



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 3&4



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 33.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 3 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 3 emadesikini alo, bese ubiza iQembu 4.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Ukuxoxa indaba ngobuciko



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ngobuciko bokuxoxa izindaba.**
  - a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ama-4.
  - b. Tshela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 34.
2. **Tshela abafundi babheke isithombe.**
  - a. Buza: Yini eniyibona kulesi sithombe?
3. **Tshela abafundi baqambe indaba emfushane ngamunye besusela esithombeni.**
4. **Tshela abafundi bayihlele kanjani indaba yabo. Ithi:**
  - a. Nikeza umlingiswa ngamunye igama endabeni yakho.
  - b. Isho indaba yenzeka kuphi.
  - c. Indaba yakho kumele ibe nesiqalo, umzimba nesiphetho.
  - d. Lesi sithombe sibonisa ingxenye ethile yendaba yakho.
    - Isithombe singakhombisa isiqalo sendaba yakho.
    - Isithombe singakhombisa umzimba wendaba yakho.
    - Isithombe singakhombisa isiphetho sendaba yakho.
  - e. Ungayiqala indaba ngokuthi:
    - a. Kwakulusuku emva...
    - b. Umama wabuza u\_\_\_\_\_ ngosuku lwakhe esikoleni kanye...
5. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
  - a. Nikeza abafundi imizuzwana bacange ngendaba yabo buthule.
  - b. Bese, utshela abafundi ukuthi bashintshane ngokuxoxa izindaba zabo eqenjini. Ungakwenza lokhu ngokusebenzisa 'induku / itshe lokukhuluma'.
  - c. Besakhuluma abafundi, hamba phakathi kwabo ulalele.
6. **Phetha isifundo kanje:**
  - a. Biza umfundi oyedwa abelane indaba yakhe nekilasi lonke, noma ubuze umfundi oyedwa noma ababili imibuzo ngezindaba zeqembu labo.
    - Buza: Ibiphathelene nani indaba kaX?
    - Buza: Yini oyithandile ngendaba kaX?
  - b. Nika ikilasi umbiko wabo bonke ukuze bathuthukise izindaba zabo. Isibonelo: Ngokuvamile, ekuqaleni kwendaba, siyasho indaba yenzeka kuphi, nokuthi obani abalingiswa. Ngokuzayo, zamani ukufaka lolu lwazi ezindabeni zenu.





## Imisindo: Shintshashintsha imisindo esemagameni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

- Khombisa indlela yokushintsha imisindo kuleli gama elilandelayo: *leli***
  - Bhala igama ebhodini.
  - Khombisa abafundi ukuthi kwenzekani uma ukhipha umsindo /i/. Usala no: lel-
  - Khombisa abafundi ukuthi kwenzekani uma wengeza umsindo /a/. Wenza igama elisha: lela
- Biza abafundi abahlukene bazodlala ngamagama: *dada, bala, ibadida*.**
- Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesithathu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
  - Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 35.
  - Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
  - Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukubhala ngesandla: Buyekeza amaphethini



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola

- Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
  - Ithi: Masifudumeze iminwe yethu siyidlalise ngokuyivala siyivule.
  - Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
- Dweba amaphethini alandelayo ebhodini:**

  - Yalela abafundi bakopishele amaphethini ezincwadini zabo.
  - Kumele benze iphethini lize lifike ekugcineni kwekhasi.
- Hlola ikhono labafundi lokukopisha amaphethini.**
  - Njengoba abafundi bebhala, hamba uzungeze uqhaphela labo abazabalazayo:
    - Ukukopisha amaphethini ngokufanele.
    - Ukugcina izingxenye zephethini zilingana ngosayizi.
    - Ukuqeda iphethini ngesikhathi esibekiwe.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kokuqala



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
ikhasi 95

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kokuqala.**
  - a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
  - b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
  - c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme*
  - d. Ithi: *Amalama yizilwane zaseNingizimu yaseMelika. Abantu bagcina amalama ngenxa yobisi noboya bawo. Le ndaba iyinganekwane endala ngamalama ayehlala ezintabeni zase-Andes emandulo, nokuthi abasiza kanjani abantu ababehlala eduze nawo.*
  - e. Ithi: Kukhona okwaziyo ngalokhu?
2. **Yenza Ukufunda Kokuqala kanje:**
  - a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
  - b. Khombisa abafundi izithombe.
  - c. Lapho kufanele khona, yima uchazele abafundi.
  - d. Balula amagama akulwazimagama uma evela.
  - e. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 1 kanje:
    - Bhakisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
    - Bhakisa Umbuzo 3 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
    - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
  - f. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
    - Ithi: Kuleli onto sifunda indlela yoku: Qapha ukuqonda
    - Buza abafundi: Wake wazizwa ulahlekile ngesikhathi sifunda indaba ngoba ulahlekelwe wumkhondo wokuthi kwenzekani? Lokho kwakwenza wazizwa kanjani?



## Ukubhala: Lingisa iKNZ nomsebenzi



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-20



IZINSIZA:  
Incwadi Yoku-  
sebenzela  
YeDBE,  
ekhasini 53

Uhlaka  
lokubhala:

Ngingaxoxa  
indaba  
emayelana...

1. **Yethula iKNZ (UKwakhekha Nezimiso Zolimi) egxilile.**
  - a. Ithi: Kuleli sonto sizogxila: Ukusebenzisa ungqi ekugcineni komusho.
  - b. Bhala umusho ebhodini: Ngixoxa izindaba.
  - c. Khomba kuKNZ: Umusho ugcina ngongqi.
2. **Yethula umsebenzi obhalwayo.**
  - a. Ithi: Kuleli sonto sizo: Dweba isithombe bese ubhala umusho owodwa.
  - b. Ithi: Sizodweba bese sibhala ngalokhu: Into enomsindo u/m/. Chaza ngomlomo impendulo yakho yomsebenzi obhalwayo, ngaphambi kokuba uyibhale.
  - c. Ithi: Ngingaxoxa indaba emayelana...
3. **Bonisa umsebenzi ebhodini.**
  - a. Dweba ngokushesha isithombe esikhombisa: Into enomsindo u/m/.
  - b. Khombisa abafundi ukuthi lugcwaliswa kanjani uhlaka lokubhala.
  - c. Khomba kuKNZ: Umusho ugcina ngongqi.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 5&6



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 35.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 5 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 5 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 6.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Imisindo: Shintshashintsha imisindo esemagameni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Tshela abafundi ukuthi namuhla bazosebenza nomlingani ukushintshashintsha amagama.**
  - a. Bhala amagama alandelayo ebhodini: baba, dada, deda
  - b. Tshela abafundi bakopishele amagama ezincwadini zabo zokubhalela, igama elilodwa emgqeni ngamunye.
2. **Khumbuza abafundi indlela yokushintsha imisindo emagameni kanje:**
  - a. Funda igama lokuqala.
  - b. Susa umsindo owodwa.
  - c. Yengeza ngomunye umsindo.
  - d. Bhala igama elisha eceleni kwegama elidala.
  - e. Funda igama elisha.
3. **Hlola ikhono labafundi lokushintsha amagama.**
  - a. Hamba uzungeze uqaphele njengoba abafundi beshintsha amagama.
  - b. Beseke lapho kunesidingo khona.
  - c. Qaphela abafundi abazabalazayo ukwenza lomsebenzi.
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesine Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 36.
  - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
  - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukubhala ngesandla: Buyekeza ukwakhiwa kwezinombolo



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Lungiselela abafundi ukubhala ngesandla.**
  - a. Ithi: Masifudumeze iminwe yethu ngokucindezela izandla zibe yisibhakela sibale ka-5, bese sikhulule.
  - b. Hlola bese ulungise indlela yokuhlala kwabafundi nokubamba ipensela.
2. **Khombisa ukwakheka kwazo zonke izinombolo kusukela ku-0-9.**
  - a. Bhala inombolo ngayinye ebhodini.
  - b. Njengoba ubhala izinombolo, chaza ukuthi uqala kuphi, kanye nendawo yokuphela kwenombolo ngayinye.
  - c. Tshela abafundi ukuthi babhale umugqa wenombolo ngayinye ezincwadini zabo zokubhalela, beshiya isikhala esilingana nomunwe phakathi kwezinombolo.
  - d. Tshela abafundi baqinisekise ukuthi bangakwazi ukwakha inombolo ngayinye ngokufanele.
3. **Hlola indlela abafundi abakha ngayo inombolo.**
  - a. Njengoba abafundi bebhala, hamba uzungeze ubheke indlela abakha ngayo inombolo.
  - b. Beseke lapho kudingeka khona.
  - c. Qaphela abafundi abasazabalaza ukwakha izinombolo ngokufanele.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwesibili



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
ikhasi 95

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwesibili.**
  - a. Hlalisa abafundi kukhaphethi.
  - b. Bakhumbuze ngendlela elindelekile yokuziphatha.
  - c. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme*
  - d. Khumbuza abafundi ngesu lokuqondisisa.
    - Ithi: Kuleli sonto sifunda indlela yoku: Qapha ukuqonda
    - Ithi: Khumbulani, besixoxa ngalokhu izolo, ngesikhathi nginibuza: Wake wazizwa ulahlekile ngesikhathi sifunda indaba ngoba ulahlekelwe wumkhondo wokuthi kwenzekani? Lokho kwakwenza wazizwa kanjani?
2. **Yenza Ukufunda Kwesibili kanje:**
  - a. Fundela ikhasi lendaba ngalinye phezulu, kushelele futhi kuzwakale.
  - b. Khombisa abafundi isithombe.
  - c. Sebenzisa izibonelo ezisekhasini lwesingeniso ukukhombisa isiqondiso sokuqondisisa.
  - d. Ekugcineni kwendaba, buza imibuzo ngoKufunda 2 kanje:
    - Bhakisa Umbuzo 1 & 2 kubafundi ngamunye.
    - Bhakisa Umbuzo 3 ekilasini lonke. Cela abafundi baxoxe nozakwabo ngalo mbuzo.
    - Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngezimpendulo zalo.



## Ukubhala: Hlela uklame



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-20



IZINSIZA:  
Incwadi Yoku-  
sebenzela  
YeDBE,  
ekhasini 53  
Uhlaka  
lokubhala:  
Ngingaxoxa  
indaba  
emayelana...

1. **Phinda wethule umsebenzi wokubhala.**
  - a. Ithi: Khumbulani, kuleli sonto sizodweba futhi sibhale ngalokhu: Into enomsindo u/m/.
2. **Yalela abafundi bacabange ngokwabo ukubhala.**
  - a. Ithi: Valani amehlo nicabange nizoluphendula kanjani uhlaka lokubhala.
  - b. Ithi: Yabelana nozakwenu ngombono wakho.
  - c. Hlanganisani umqondo nibhale amagama abalulekile ebhodini, isib. izinkawu, izintaba, umuthi
3. **Yalela abafundi bavule ikhasi okuyilona encwadini yabo yokusebenzela yeDBE.**
  - a. Ithi: Dweba manje bese ubhala phansi imibono yakho.
  - b. Khumbuza abafundi ngeKNZ: Umusho ugcina ngongqi.
4. **Hamba phakathi kwabo usize abafundi ngamunye.**
  - a. Cela abafundi bakutshela eyabo imibono.
  - b. Siza abafundi abanenkinga baqale umsebenzi wokubhala.





## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaqembu 7&8



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 36.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 7 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 7 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 8.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Xoxani ngendaba yokufunda ngokwabelana



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Uhlaka  
lwengxoxo:  
Le ndaba  
ibimayelana...  
Ngitsandze  
lomlingiswa...  
ngobe...  
Ngifunde  
ukuthi...

1. **Lungisa abafundi ubalungiselele ingxoxo yeqembu.**
  - a. Hlela abafundi babe ngamaqembu ama-4.
  - b. Nikeza iqembu ngalinye 'induku noma itshe lokukhuluma'.
  - c. Ithi: Ungakhuluma kuphela uma uphethe 'induku / itshe lokukhuluma'.
2. **Xoxani ngemibuzo yengxoxo.**
  - a. Khumbuza abafundi ngendaba yokwabelana yaleli onto.
  - b. Bhala uhlaka lwengxoxo ebhodini.
  - c. Funda bese uchaza umbuzo ngamunye (ukuqala komusho).
  - d. Tshela abafundi ukuthi ilungu ngalinye leqembu kumele lithole ithuba lokuphendula umbuzo ngamunye.
  - e. Khuthaza abafundi bacabange ngezimpendulo ezahlukene.
3. **Yalela abafundi baqale izingxoxo zabo.**
  - a. Yalela abafundi abaphethe 'induku / itshe lokukhuluma' baqale.
  - b. Hamba phakathi kwabo ubasize lapho kunesidingo.
  - c. Emizuzwini yokugcina, biza iqembu lizokwabelana ngezimpendulo zalo.
4. **Ukulungiselela abafundi**
  - a. Khetha abafundi aba-3-4 ukuba benze Izethulo Zomlomo ngoMsombuluko.
  - b. Tshela laba bafundi yini abazoyilungiselela yangoMsombuluko. (Bheka uhlelo lwezifundo ze-LK zangoMsombuluko)



## Imisindo: Isibizelo



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Hlalisa abafundi nezincwadi zabo namapensela.**
  - a. Tshela abafundi babhale izinombolo 1–5 eduze komugqa oseceleni.
  - b. Biza la magama amahlanu alandelayo ukuze abafundi bawabhale eceleni kwezinombolo 1–5: badede, dida, ababi, lalela, leli
2. **Tshela abafundi basebenzise amapensela anombala ukulungisa umsebenzi wabo.**
  - a. Bhala amagama amahlanu ebhodini.
  - b. Njengoba ubhala, phimisa igama ngalinye.
  - c. Tshela abafundi bakokelezele amaphutha abo ngepensela elinombala.
  - d. Tshela abafundi babhale kabusha amaphutha abo bawalungise.
3. **Qaphela izinselelo kanye nenqubekela phambili yabafundi.**
4. **Qondisa abafundi emsebenzini wangoLwesihlanu Encwadini Eyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 35.
  - b. Biza abafundi ngamunye bakusize ukulingisa umsebenzi ngamunye.
  - c. Babonise ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi ebhalwayo ebhodini.

Qaphela: Tshela abafundi bayokwenza le misebenzi nozakwabo ngesikhathi sokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Yenza Ukufunda Kwangemuva



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Iqoqo  
Lezindaba,  
ikhasi 95

1. **Lungiselela abafundi Ukufunda Kwangemuva.**
  - a. Khumbuza abafundi ngesihloko sendaba: *Kungani ilama lihlala endaweni ephakeme*
  - b. Chaza ngomsebenzi. Ithi: Namhlanje sizodweba bese silebula ingxenye esiyithandayo endabeni.
2. **Bonisa umsebenzi kanje:**
  - a. Vala amehlo wenze sengathi uyacabanga.
  - b. Vula amehlo bese uthi: Ingxenye engiyithandayo yendaba yilapho...
  - c. Gwema ukukhetha izimpendulo ezisobala kakhulu ngesibonelo sakho.
  - d. Dweba isithombe ngokushesha ebhodini. Ngesikhathi udweba, chaza ukuthi udweba ini.
  - e. Yengeza ilebuli eli-1 kuya kwama-2.
3. **Yalela abafundi ukuthi baqedele umsebenzi.**
  - a. Tshela abafundi bavale amehlo bacabange ngengxenye abayithandayo yendaba.
  - b. Ithi: Cabangani ngomqondo wakho, ungakopeli isibonelo sami.
  - c. Okulandelayo, tshela abafundi bavule amehlo bese bexoxa ngezimpendulo zabo nozakwabo.
  - d. Bese, utshele abafundi badwebe le ngxenye yendaba ezincwadini zabo zokuzilolonga.
  - e. Siza abafundi bengeza ilebuli eli-1 kuya kwama-2 emidwetsheni yabo.
4. **Vumela abafundi babelane ngomsebenzi wabo.**
  - a. Nikeza abafundi imizuzwana bakhombise abalingani umsebenzi wabo.
  - b. Biza omunye umfundi azokwabelana nekilasi ngomsebenzi wakhe.



## Ukubhala: Klama uhlele



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-20



IZINSIZA:  
Incwadi Yoku-  
sebenzela  
YeDBE,  
ekhasini 53

Uhlaka  
lokubhala:

Ngingaxoxa  
indaba  
emayelana...

1. **Khumbuza abafundi ngomsebenzi obhalwayo.**
  - a. Ithi: Namuhla sizqedela usebenzi wethu obhalwayo.
2. **Yethula ukwehlukani swa.**
  - a. Hamba phakathi kwabafundi usize abanezinselelo.
  - b. Nikeza abafundi abasebephambili umsebenzi othe xaxa: Yengeza ilebuli emdwetsheni wakho.
3. **Tshela abafundi bafunde bese beshicilela imibhalo yabo.**
  - a. Ithi: Manje sekuyisikhathi sokufunda nihlele umsebenzi wenu obhaliwe.
  - b. Ithi: Khumbulani ukuhlola ukuthi: Umusho ugcina ngongqi.
4. **Uma isikhathi sikuvumela, ceta abafundi babelane ngomsebenzi wabo obhaliwe.**
  - a. Abafundi bangabelana nabalingani ngomsebenzi wabo obhaliwe.
  - b. Abafundi abayingcosana bangabelana nekilasi ngomsebenzi wabo.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Sebenza namaQembu 9&10



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda

1. **Lungiselela abafundi ukuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Qiniseka ukuthi abafundi bayawazi amaqembu abo okufunda.
  - b. Hlalisa abafundi ngababili kanye Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo, izincwadi zokubhalela namapensela.
  - c. Yalela abafundi bavule Izincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo ekhasini 37.
2. **Sebenzisana nabafundi emsebenzini yosuku eNcwadini Eyisisekelo Sokufunda.**  
Khumbuza abafundi okufanele bakwenze ukuqedela umsebenzi ngamunye.
3. **Bizela iQembu 9 endaweni yakho yokuFunda ngamaQembu okuLawulwayo.**
  - a. Hlalisa iqembu Nezincwadi Eziyisisekelo Sokufunda zabo.
  - b. Biza umfundi ngamunye azofunda imisindo yemisindo.
  - c. Biza umfundi ngamunye azoqedela imisebenzi yokuguqulela enkulumeni (ukudikhoda).
  - d. Biza umfundi ngamunye afunde amagama noma ingxenye yendaba yesonto elidlule.
  - e. Bhala phansi amagama abafundi abadinga ukwesekwa.
  - f. Bhala phansi imisindo edinga ukuhlanganiswa.
  - g. Buyisela iQembu 9 emadeskini alo, bese ubiza iQembu 10.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Dlala imidlalo yolwazimagama: Lingisa noma Udwebe



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Ushoki kanye  
nebhodi

1. **Yenza uhla lwawo wonke amagama akulwazimagama kuThemu 1 ayizenzo noma amabizo.**
2. **Tshela abafundi nizobukeza amagama akulwazimagama abawafunde kule themu.**
3. **Nikeza abafundi imiyalelo elandelayo:**
  - a. Sizodlala 'Ukulingisa noma Ukudweba'.
  - b. Ngizokhetha umfundi ukuba 'angene'.
  - c. Umfundi uzoza phambi kwekilasi bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
  - d. Umfundi uzobe eselingisa igama NOMA adwebe isithombe segama ebhodini.
  - e. Ingxenywe esele yekilasi kufanele iphakamise izandla iqagele igama.
  - f. Umuntu 'ongenile' ubiza abafundi baphendule.
  - g. Umuntu ophendule kahle nguye ongenayo. Uza ngaphambili bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
4. **Biza umfundi wokuqala angene bese eqala umdlalo.**



## Imisindo: Bhala imibhalo engaguqulekela enkulumeni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Akudingeki  
zinsiza

1. Bhala amafonimu ama-5 abafundi abawafundile noma bawabuyekeza ebhodini.
2. Chazela abafundi bazodlala umdlalo wemisindo wokuzijabulisa.
3. Bachazele bazobhala amagama, imisho noma indaba besebenzisa KUPHELA leyo misindo.
4. Yakha umusho owodwa omfushane oyisibonelo bese uwubhala ebhodini (Noma ubhale amagama uma umusho unzima.)
5. Cela abafundi bahlale amagama noma imisho yakho ilungile yini:
  - a. Iqala ngosonhlamvukazi na?
  - b. Igcina ngongqi, umbuzi noma umbabazi na?
  - c. Usebenzise amafonimu ama-5 kuphela ebhodini?
6. Okulandelayo, nikeza abafundi imizuzwana embalwa babhale amagama noma umusho / imisho yabo.
7. Tshela abafundi bashintshane ngezincwadi bahlale umsebenzi womunye nomunye.
8. Biza abafundi abanamagama noma imisho ebhalwe kahle eminingi bazofundela phezulu.
9. Besafunda, bhala amagama noma imisho ebhodini.
10. Hlolisisa ukuqinisekisa ukuthi basebenzise amafonimu ama-5 kuphela.
11. Tusa bonke abafundi ngemizamo yabo.





## Ukubhala ngesandla: Bonisa ukushicilelwa kombhalo wakho



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Isibonelo  
sikaThisha:  
umsebenzi  
obhalwayo

Sebenzisa le sikhathi ukuba abafundi bashicilele futhi bakhangise umbhalo wabo.

1. **Ngaphambi kwekilasi, lungisela lesi sifundo ibhodi.**
  - a. Khetha umsebenzi owodwa obhalwayo ku themu. Dweba futhi ubhale isibonelo somsebenzi ebhodini.
  - b. Faka iphutha kuKNZ yethemu, njenge: Uhlamvu lokuqala lomusho alusiwo usonhlamvukazi.
2. **Yethula ukushicilela kubafundi.**
  - a. Ithi: Kuleli sonto sizoshicilela ingxenye yombhalo wethu osuka ethemini.
  - b. Ithi: Uma sishicilela umbhalo wethu, silungela ukwabelana ngawo nabanye abantu. Sikhetha umsebenzi wethu omuhle kakhulu, siwenza uhlanzeke futhi ucace, futhi sabelana ngawo nabanye ukuze bawufunde baphinde bawuthokozele.
  - c. Khomba uhlaka lwakho ebhodini. Bachazele ilo msebenzi obhalwayo okhethe ukuwushicilela.
3. **Bonisa ukushicilela ebhodini.**
  - a. Dweba kabusha bese ubhala umbhalo wakho ebhodini. Kwenze lokhu ngokuhleleka futhi ufake imininingwane eyengeziwe.
  - b. Fundela phezulu umbhalo wakho osohlakeni.
  - c. Bakhombise iphutha olenzile kuKNZ. Ithi: Ngenze iphutha. Uhlamvu lokuqala lomusho alusiwona usonhlamvukazi. Ngingakulungisa lokhu uma sengishicilela.
  - d. Bhala kabusha umusho ngenhlanzeko.
  - e. Khombisa iKNZ esilungisiwe: Uhlamvu lokuqala lomusho lungusonhlamvukazi.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Bonisa ukushicilelwa kombhalo wakho



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Isibonelo  
sikaThisha:  
umsebenzi  
obhalwayo

Sebenzisa le sikhathi ukuba abafundi bashicilele futhi bakhangise umbhalo wabo.

Kuqhutshekwa esifundweni esedlule.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Yenza isivivinyo sokufunda ngomlomo okushelelayo



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Hlalisa abafundi neZincwadi zabo Eziyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Tshela abafundi bavule ekhasini lokuqala leZincwadi Eziyisisekelo Sokufunda.
  - b. Tshela abafundi basebenze nabalingani babo.
  - c. Tshela abafundi babheke ukuthi bangakwazi ukufunda yonke imisindo.
  - d. Tshela abafundi baphinde bashintshane ngokufunda onke amagama nemibhalo.
2. **Biza abafundi ngamunye bazokwenza izivivinyo zoFMS.**
  - a. Sebenzisa izivivinyo zika Themu 1 zoFMS ezihlinzekwe Encwajaneni Yokuhlola.
  - b. Landela imiyalelo yokuvinjanywa koFMS eseNcwajaneni Yokuhlola.
  - c. Bhala phansi imiphumela yomfundi ngamunye.
  - d. Sebenzisa le miphumela ukubuyekeza amaqembu akwazi ukufunda ngokulinganayo.
  - e. Futhi le miphumela ukuze uqikelele izinselelo ezidinga ukulungiswa ngeThemu elandelayo.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.



## Ukulalela nokuKhuluma: Dlala imidlalo yolwazimagama: Lingisa noma Udwebe



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Ushoki kanye  
nebhodi

1. **Yenza uhla lwawo wonke amagama akulwazimagama kuThemu 1 ayizenzo noma amabizo.**
2. **Tshela abafundi nizobukeza amagama akulwazimagama abawafunde kule themu.**
3. **Nikeza abafundi imiyalelo elandelayo:**
  - a. Sizodlala 'Ukulingisa noma Ukudweba'.
  - b. Ngizokhetha umfundi ukuba 'angene'.
  - c. Umfundi uzoza phambi kwekilasi bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
  - d. Umfundi uzobe eselingisa igama NOMA adwebe isithombe segama ebhodini.
  - e. Ingxenye esele yekilasi kufanele iphakamise izandla iqagele igama.
  - f. Umuntu 'ongenile' ubiza abafundi baphendule.
  - g. Umuntu ophendule kahle nguye ongenayo. Uza ngaphambili bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
4. **Biza umfundi wokuqala angene bese eqala umdlalo.**



## Imisindo: Bhala imibhalo engaguqulekela enkulumeni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Akudingeki  
zinsiza

1. Bhala amafonimu ayi-6 ebhodini abafundi abawafundile noma abawabuyekize.
2. Chazela abafundi bazodlala umdlalo wemisindo wokuzijabulisa.
3. Bachazele bazobhala amagama, imisho noma indaba besebenzisa KUPHELA leyo misindo.
4. Yakha umusho owodwa omfushane oyisibonelo bese uwubhala ebhodini (Noma ubhale amagama uma umusho unzima.)
5. Cela abafundi bahlale amagama noma imisho yakho ilungile yini:
  - a. Iqala ngosonhlamvukazi na?
  - b. Igcina ngongqi, umbuzi noma umbabazi na?
  - c. Usebenzise amafonimu ayi-6 kuphela ebhodini?
6. Okulandelayo, nikeza abafundi imizuzwana embalwa babhale amagama noma umusho / imisho yabo.
7. Tshela abafundi bashintshane ngezincwadi bahlale umsebenzi womunye nomunye.
8. Biza abafundi abanamagama noma imisho ebhalwe kahle eminingi bazofundela phezulu.
9. Besafunda, bhala amagama noma imisho ebhodini.
10. Hlolisisa uqinisekise usebenzise amafonimu ayi-6 kuphela.
11. Tusa bonke abafundi ngemizamo yabo.



## Ukubhala ngesandla: Abafundi bayacabangisisa bese bekhetha



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izincwadi  
Zabafundi  
Zokubhala  
  
Amaphepha  
azihambelayo  
A4

Sebenzisa le sikhathi ukuba abafundi bashicilele futhi bakhangise umbhalo wabo.

1. **Ngaphambi kwekilasi, lungisa uhlaka olushicilelwe ephepheni elihamba lodwa.**
  - a. Kopisha umdwebo kanye nombhalo wakho ephepheni elihamba lodwa utshengise abafundi.
  - b. Qinisekisa ukugcina uhlaka lwakho olushicilelwe uzolusebenzisa esifundweni sesethulo.
2. **Tshela abafundi bacabangisise ngombhalo wabo wethemu.**
  - a. Nikeza abafundi isikhathi sokufunda imibhalo yabo esuka kuthemu.
  - b. Buza: Yimuphi umsebenzi obhalwayo owuthande kakhulu kule themu?
  - c. Biza idlanzana labafundi lizokwabelana ngomsebenzi obhalwayo eliwuthande kakhulu kule themu.
3. **Tshela abafundi bakhethe ingxenye yombhalo abangayishicilela.**
  - a. Buza: Iyiphi ingxenye yombhalo ongayishicilela bese wabelana ngayo kule themu?
  - b. Nikeza abafundi isikhathi bakhethe imuphi umsebenzi obhalwayo abazowushicilela.
  - c. Tshela abafundi bazise umlingani yimuphi umsebenzi obhalwayo abazowushicilela.
4. **Tshela abafundi bashicilele ephepheni elihamba lodwa, ukuze umsebenzi wabo ukhangiswe.**
  - a. Ithi: Uma sishicilela, asibhali ezincwadini zethu njengokujwayelekile. Sibhalela ephepheni elizihambelayo, ukuze kube lula ukwabelana ngomsebenzi wethu.
  - b. Bonisa abafundi isibonelo somsebenzi wakho oshicilelwe ephepheni elizihambelayo.
  - c. Banikeze amaphepha azihambelayo okushicilela.
5. **Tshela abafundi baqale bashicilele.**
  - a. Ithi: Manje Qalani nishicilele umsebenzi wenu. Khumbulani ukuwenza uhlanzeke futhi ucape, ukuze ulungele ukwabelana nabanye.



## Ukufunda Ngokuhlanganyela: Abafundi bayacabangisisa bese bekhetha



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izincwadi  
Zabafundi  
Zokubhala  
  
Amaphepha  
azihambelayo  
A4

Sebenzisa le sikhathi ukuba abafundi bashicilele futhi bakhangise umbhalo wabo.

Kuqhutshekwa esifundweni esedlule.



## UkuFunda ngamaQembu okuLawulwayo: Yenza isivivinyo sokufunda ngomlomo okushelelayo



ISIKHATHI:  
imizuzu  
engama-30



IZINSIZA:  
Incwadi  
Eyisisekelo  
Sokufunda  
Incwadi  
Yokuhlola

1. **Hlalisa abafundi neZincwadi zabo Eziyisisekelo Sokufunda.**
  - a. Tshela abafundi bavule ekhasini lokuqala leZincwadi Eziyisisekelo Sokufunda.
  - b. Tshela abafundi basebenze nabalingani babo.
  - c. Tshela abafundi babheke ukuthi bangakwazi ukufunda yonke imisindo.
  - d. Tshela abafundi baphinde bashintshane ngokufunda onke amagama nemibhalo.
2. **Biza abafundi ngamunye bazokwenza izivivinyo zoFMS.**
  - a. Sebenzisa izivivinyo zika Themu 1 zoFMS ezihlinzekwe Encwajaneni Yokuhlola.
  - b. Landela imiyalelo yokuvivinywa koFMS eseNcwajaneni Yokuhlola.
  - c. Bhala phansi imiphumela yomfundi ngamunye.
  - d. Sebenzisa le miphumela ukubuyekeza amaqembu akwazi ukufunda ngokulinganayo.
  - e. Futhi le miphumela ukuze uqikelele izinselelo ezidinga ukulungiswa ngeThemu elandelayo.



## Ekupheleni kosuku: Ukufunda kuzwakale



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Izinsiza  
zikathisha

- Sebenzisa izinsiza zakho: Izincwadi Ezinkulu, Amaqoqo Ezindaba neZincwadi Zezindaba – zonke ziyafaneleka.
- Sebenzisa lesi sikhathi ubonise ukufunda ngokushelelayo, nekhono lokufunda.
- Lo msebenzi usiza abafundi bathuthukise uthando lwezindaba nolokufunda.
- Ubuye wakhe ulwazimagama lwabo, ulwazi lwangaphambilini nokukhumbula umsebenzi. Konke lokhu kungamakhono abalulekile esifundo sokuqondisisa.





## Ukulalela nokuKhuluma: Dlala imidlalo yolwazimagama: Lingisa noma Udwebe



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Ushoki kanye  
nebhodi

1. **Yenza uhla lwawo wonke amagama akulwazimagama kuThemu 1 ayizenzo noma amabizo.**
2. **Tshela abafundi nizobukeza amagama akulwazimagama abawafunde kule themu.**
3. **Nikeza abafundi imiyalelo elandelayo:**
  - a. Sizodlala 'Ukulingisa noma Ukudweba'.
  - b. Ngizokhetha umfundi ukuba 'angene'.
  - c. Umfundi uzoza phambi kwekilasi bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
  - d. Umfundi uzobe eselingisa igama NOMA adwebe isithombe segama ebhodini.
  - e. Ingxenye esele yekilasi kufanele iphakamise izandla iqagele igama.
  - f. Umuntu 'ongenile' ubiza abafundi baphendule.
  - g. Umuntu ophendule kahle nguye ongenayo. Uza ngaphambili bese ngimhlebela igama endlebeni yakhe.
4. **Biza umfundi wokuqala angene bese eqala umdlalo.**



## Imisindo: Bhala imibhalo engaguqulekela enkulumeni



ISIKHATHI:  
imizuzu eyi-15



IZINSIZA:  
Akudingeki  
zinsiza

1. Bhala amafonimu ayi-6 ebhodini abafundi abawafundile noma abawabuyekize.
2. Chazela abafundi bazodlala umdlalo wemisindo wokuzijabulisa.
3. Bachazele bazobhala amagama, imisho noma indaba besebenzisa KUPHELA leyo misindo.
4. Yakha umusho owodwa omfushane oyisibonelo bese uwubhala ebhodini (Noma ubhale amagama uma umusho unzima.)
5. Cela abafundi bahlale amagama noma imisho yakho ilungile yini:
  - a. Iqala ngosonhlamvukazi na?
  - b. Igcina ngongqi, umbuzi noma umbabazi na?
  - c. Usebenzise amafonimu ayi-6 kuphela ebhodini?
